Isolezwe, 23/01/2017
Page 17




**USIHLALO wenhlangano Abafuyi Bezinkomo eMandlanzini uMnuz Dubula Lukhele, uthi bafisa ukuxazulula ngesizotha udaba lokudutshulwa kubulawe izinkomo zabo ngabafana bezithuthuthu abahlalise umphakathi lubhojozi** Isithombe: SITHUNYELWE

# Abezithuthuthu basolwa ngokubulala izinkomo

**DELI MNCWABE**

UHLELI lubhojozi umphakathi waseMandlanzini, eRichards Bay, ngenxa yokubulawelwa izinkomo zawo abagibeli bezithuthuthu.

Sishubile isimo kule ndawo njengoba kuvela ukuthi ziyisishiyagalombili izinkomo esezingqoklozwe ngenhlamvu ngabafana babelungu abavame ukubonakala begijima ngezithuthuthu. Kuphinde kwalimala kanzima umelusi wezinkomo kulesi sigameko nokusolakala ukuthi kwakuhloswe ukuthi abulawe nazo.

Lokhu sekudale ukuthi umphakathi uhlangane ubumbe inhlangano oyibiza ngaBafuyi Bezinkomo ukuze kuxazululwe le nkinga.

Usihlalo wayo uMnuz Dubula Lukhele, uthe iyabakhathaza indaba yokubulawa kwemfuyo nokulinyazwa kukamelusi.

"Sikhathazekile kakhulu ngokwenziwa yilaba bafana abagijima ngezithuthuthu. Basibulala siphila ngoba izinkomo zethu ziyikho konke kithina. Sondla ngazo imindeni yethu, sifundisa izingane zethu nokunye okuningi nje. Siyacela ukuthi lolu daba lulungiswe ngabazali balaba bafana, bakhulume nezingane zabo ziyiyeke le nto ngoba yibo abazithengela izibhamu zokulimaza imfuyo yethu nezithuthuthu," kusho uLukhele.

Yize isimo sisibi kodwa uLukhele uthe ngeke baziphindiselele, bafuna lolu daba luxazululwe ngokuthula.

Lolu daba selungenelelwe nayiMeya yaseMhlathuze uMnuz Mdu Mhlongo ozibophezele ekuthatheleni abasolwa izinyathelo ezinqala ngokudubula imfuyo.

Ukusho lokhu ngesikhathi ehlangene namaphoyisa endawo, ngenhloso yokuqinisekisa ukuphepha komphakathi naBafuyi Bezinkomo.

"Sinxusa amaphoyisa ukuba asebenze ngokushesha, athungathe abagile lesi siga futhi baboshwe ngokushesha," kusho uMhlongo.

Uthe njengoba bezama ukusombulula lolu daba, bafuna ukuthumela umlayezo kubenzi bobubi nalabo abebesafisa ukugila lo mkhuba ukuthi bazoqinisa isandla kubona.

Okhulumela amaphoyisa KwaZulu-Natal uLt Colonel Thulani Zwane, uthe kuvulwe icala ngalesi sigameko.

"Siyaliphenya leli cala kodwa akukaboshwa muntu."